- 9.5.1.10 Umehluko phakathi kwemikhakha yomhlaba kuyosebenza uma kubizwa ama-rate engeziwe;
- 9.5.1.11 Iningi lamalungu omphakathi wendawo, njengoba kushiwo **kwindimana 9.11** azobhekana nokukhokha ama-rate engeziwe;
- 9.5.1.12 Ekugcineni uMkhandu kuphela ongunya lokunquma ukuthi kufanele yini iSRA isungulwe.

## **9.6 Ukusungulwa kwe-SRA**

- 9.6.1 Kuncike kokuhlinzekelwe kule nqubomgomo, uMthetho kanye noMthetho kuMasipala, noma yimuphi umnikazi noma iqoqwana labanikazi abanesakhiwo esikhokha ama-rate endaweni okuhlongozwa kuyona i-SRA, bangacela, ngokusebenzisa ikomidi lewadi noma iKhansela lewadi, ukuba uMasipala ahlonze leyo ndawo njenge-SRA.

Akukho nokho okunqabela uMasipala ilungelo lokusungula iSRA.

9.6.2 Zonke izindleko ezithwalwe yinoma yimuphi umuntu ngesikhathi ethatha izinyathelo zokusungulwa kweSRA ziyothwalwa yilowo muntu.

## **9.7 Ukuhleleka nokwakheka kweSRA**

9.7.1 Nakuba iSigaba 22 soMthetho singalawuli ukuthi kumele kuhlelwe kanjani ukulawulwa kwe-SRA, yilezi zinhlelo ezichazwe **kwindimana 9.7.1.1 no-9.7.1.2** kuphela ezamukelekile kuMasipala zokulawulwa kweSRA esungulwe ngokoMthetho. Phambilini iSRA ibingakwazi ukuphathwa yi-NPC okuyiyo ebimukela ama-rate okwengeza ngaphansi kohlelo olulawulwa ngeSigaba 67 somthetho iMFMA. Kepha le ndlela manje isiyaqedwa.

9.7.1.1 Owenza umsebenzi ovela ngaphandle ngendlela elawulwa yiSigaba 76 somthetho iSystems Act.

9.7.1.2 Ukuphathwa nguMasipala okushiwo eSigabeni 76 somthetho iSystems Act. Lokhu kuyokwenzeka ezimweni ezingajwayelekile impela, lapho iminyango efanele kuMasipala iqinisekise khona ukuthi inazo izidingo ezanele ngakho iyakweseka ukuhlinzeka iSRA ngamasevisi engeziwe uma nje lokho kungeke kuholele ekuphazamisekeni kokuhlinzekwa kwamasevisi kwezinye izindawo.

## **9.8 Inqubo yokusungulwa kwe-SRA**

Inqubo yokusungulwa kwe-SRA equkethwe kule nqubomgomo kumele ilandelwe ukuze uMkhandlu ukwazi ukusibheka isicelo sokusungulwa kweSRA.

## **9.9 Ukuqala iSRA**

9.9.1 Ofaka isicelo oshiwo **kwindimana 9.6** kumele asungule ikomidi elilawulayo elakhiwe abantu abangekho ngaphansi kwabathathu elimele abanikazi bezakhiwo kuleyo ndawo ehlongozwayo yeSRA. Kumele kubhekelelwe ubulili uma sekusungulwa lelo komidi elilawulayo. Amalungu ekomidi elilawulayo kumele zikhathi zonke kube ngabantu abasemabhukwini amahle ikakhulukazi ngokukweleta uMasipala izimali. Akukho muntu ofuna ukuhlinzeka iSRA ngamasevisi athile okufanele abe yilungu lekomidi elilawulayo.

9.9.2 Ikomidi elilawulayo kumele linikeze uCFO amagama amalungu alelo komidi futhi kumele lihlngane noCFO ngaphambi kokuqala inqubo yokusungula iSRA ukuze kuqinisekiwe ukuthi iSRA iwuhlelo olufanele lokubhekana nezinkinga zalowo mphakathi nokuthi imisebenzi eyengeziwe iyahambisana nezinjongo ze-IDP kaMasipala.

9.9.3 Ikomidi elilawulayo kumele ligcine wonke amarekhodi aphaathelene nokusungulwa kweSRA, okubandakanya namaminithi emihlangano.

9.9.4 Uma ikomidi elilawulayo livumelana ngokuthi liyaqhubeka nokusungula iSRA, kumele lazise uCFO ngencwadi bese linikeza uCFO lokhu okulandelayo:

9.9.4.1 imephu yendawo ethwetshulwe ngaphezulu enombala ekhombisa imingcele lapho kuhamba khona iSRA, ekhombisa ngokusobala yonke imigwaqo ekhona kwiSRA. Leyo mephu kumele itholakale eMnyangweni kaMasipala wakwa-Surveying and Land Information.

9.9.4.2 iminingwane ecashunwe ohlwini lwemizi olutholakala emnyangweni kaMasipala wakwaReal Estate eveza izakhiwo ezikhona kwiSRA. Ikomidi elilawulayo kumele, ngosizo lukamasipala, liqinisekise ukuthi iminingwane iyiyona. Noma yikuphi okungesilona iqiniso kumele kubikwe kuCFO ukuze kulungiswe.

9.9.4.3 uhlu lwezakhiwo ezikwiSRA lapho kusalindwe khona isinqumo sokuphikisa noma sokwedlulisela phambili isinqumo ngokoMthetho.

9.9.5 Ngemuva kokuthola iminingwane yazo zonke izakhiwo ezithintekayo, iCFO iyobe isilungisa uhlu lwezikweletu zabanikazi bezakhiwo okuyibona abazobhekana nokukhokha ama-rate engeziwe kwiSRA. Uma iCFO isigculisekile ngokuthi izimali zizoba khona zeSRA, ikomidi elilawulayo liyoqhubeka nesicelo salo sokusungulwa kwe-SRA.

9.9.6 Ukuze kusizwe ikomidi elilawulayo ngesicelo salo kuMasipala sokusungula indawo ezokhokha ama-rate ayisipesheli ngokuhambisana nale nqubomgomo, uMasipala angakhipha izaziso azibhekise kubanikazi bezakhiwo maqondana nesicelo sokusungulwa kweSRA ehlongozwayo, kube kubekwe emqondweni ukuthi

amakheli abanikazi bazakhiwo ezisendaweni yeSRA ehlongozwayo ngeke enekelwe noma ngubani.

9.9.7 Ikomidi elilawulayo kumele lenze inhlolovo (ucwaningo olulodwa maqondana nomnikazi wesakhiwo ngamunye), ngendlela ebekiwe, ezakhiweni ezingekho ngaphansi kuka 20% walezo ezisohlwini (kudingeka ukwehlukana kwezinhlobo zezakhiwo ezikhona kuleyo ndawo). Ngaphezu kwalokho, kumele kwenziwe isampula labantu abaxubile abahlala nabanamabhizinisi kuleyo ndawo, elingaba yisibalo esingekho ngaphansi kuka 5% wezakhiwo ezikhona ohlwini lwezakhiwo. ICFO inelungelo lokucela ukuba kwenziwe olunye icwaningo namanye amasampula uma kunesidingo. ICFO inganciphisa isibalo sabantu okuzokwenziwa kubo ucwaningo noma amasampula uma kunesidingo, kuncike ekutheni kumele kube nezincomo ezizwakalayo ezibhalwe phansi.

9.9.8 Ikomidi elilawulayo kumele lixoxisane neminyango kaMasipala ethintekayo mayelana nalokhu okulandelayo –

9.9.8.1 amasevisi atholakalayo namazinga akhona;

9.9.8.2 ukulungiswa nokuphuculwa abakufisayo kwamasevisi akhona nendlela ababona ukuthi kwenziwe ngayo.

Imininingwane efanele mayelana neminyango ethintekayo iyatholakala kunoma yiziphi izikhungo zikaSizakala.

9.9.9 Yonke imibhalo ephathelene nokusungulwa kweSRA kumele igunyazwe yiCFO ngaphambi kokuba ikhishelwe emphakathini.

9.9.10 Ikomidi elilawulayo kumele lihlanganise ipulani yebhizinisi ngokuhambisana **nendima-9.15.**

9.9.11 Ikomidi elilawulayo kumele lakhe futhi ligcine kahle iwebsite etholakala kalula emphakathini wendawo nakuMasipala, ngenhloso yokubona ulwazi oluphathelene neSRA ehlongozwayo kubandakanya nepulani yebhizinisi nalolo lwazi njengoba lungabekwa ngokwale nqubomgomo.

## **9.10 Umhlangano wokuqala womphakathi – ukweselwa ngokwenqubomgomo**

9.10.1 Noma yisiphi isicelo sokuba kusungulwe iSRA kumele sandulelwe wukubanjwa komhlangano womphakathi (“umhlangano wokuqala womphakathi”). Lowo omhlangano kumele ubizwe nguMasipala kuphela uma iCFO isiqinisekise ngenchwadi, ngefomu elibekiwe, ukuthi ofake isicelo uyilandelile imibandela ebekwe **kwindimana-9.9**.

9.10.2 Inhloso yalo mhlango wokuqala womphakathi ukuqinisekisa ukuthi ikomidi elilawulayo liyabonisana nomphakathi wendawo, ikakhulukazi abanikazi bezakhiwo, phakathi kokunye mayelana nalezi zindaba ezilandelayo –

9.10.2.1 imingcele ehlongozwayo yeSRA;

9.10.2.2 imisebenzi eyengeziwe ehlongozwayo;

9.10.2.3 ama-rate ahlongozwayo azokwengezwa okulindeleke ukuba asebenze ngokwepulani yebhizinisi;

9.10.2.4 ukwehlukana kwemikhakha yezakhiwo uma sekufakwe ama-rate engeziwe;

9.10.2.5 ipulani yebhizinisi;

9.10.2.6 uhlelo olukhona lokuphatha nokulawula uSRA; kanye

9.10.2.7 nemvume yeningi labanikazi nezakhiwo kuleyo ndawo ekhokha ama-rate njengoba kushiwo ku-9.11.2.1 no-9.11.2.2, okuyibona abazokhokha ama-rate engeziwe.

9.10.3 Ngaphambi kokubamba umhlangano wokuqala womphakathi, ikomidi elilawulayo kumele –

9.10.3.1 likhiphe isaziso ngenhloso yokusungulwa kweSRA, lesa saziso kumele sikhishwe –

9.10.3.1.1 ngokushicilela isaziso esibhalwe ngendlela enqunyiwe, ephephandabeni okungenai elilodwa lansuku zonke elifundwa kwiSRA ehlongozwayo;

9.10.3.1.2 ngokufakwa, kweyame eMthethweni kaMasipala Wezokukhangisa, kwezingqembe zokwazisa ezindaweni ezisobala, ezibhalwe ngendlela enqunyiwe, noma ezixotsheni emigwaqweni kuleyo ndawo okuhlongozwa kuyona iSRA;

9.10.3.1.3 ngokukhangisa enhlokothovisi kaMasipala, kwamanye amahhovisi kaMasipala ashiwo yiCFO kanye nakwimitapo yolwazi kuMasipala kanjengoba kunganquma iCFO ukuze kubonwe ngezikhathi zokusebenza;

9.10.3.1.4 ngokukhipha isaziso sinikezwe bonke abakhokhi bama-rate abazokhokha ama-rate engeziwe, ngendlela ebekwe **kwindimana-9.18**;

9.10.3.1.5 ngokufaka ikhophi yesaziso kwi-website yekomidi elilawulayo eshiwo **kwindimana-9.9.11**; kanye

9.10.3.1.6 nangokunika ihhovisi leCFO ikhophi yesaziso ukuze isifake kwi-website kaMasipala.

9.10.4. Isaziso somhlangawo wokuqala kumele –

9.10.4.1 sisho inhloso yomhlangano;

9.10.4.2 sisho usuku, indawo nesikhathi okuzobanjwa ngaso umhlangano;

9.10.4.3 sisho imingcele ehlongozwayo nemisebenzi ezokwengezwa;

9.10.4.4 sisho isabelomali sesikhathi esibekiwe esihlongozwayo;

9.10.4.5 sisho ukuthi ngaphandle uma kwenqatshelwe uMthetho nale Nqubomgomo, bonke abanikazi bomhlaba bamelwe ukukhokha ama-rate engeziwe;

9.10.4.6 sibe nekheli likaMasipala lapho kungabhekwa khona ipulani yebhizinisi isikhathi esithile;

9.10.4.7 sisho indawo lapho, kusukela ngosuku oluthile kuya ngosuku oluthile, kungahanjiswa khona kuMasipala ukuphawula nemibono ebhalwe phansi mayelana neSRA ehlongozwayo noma mayelana nepulani yebhizinisi ngokuhambisana **nendimana 9.15**. Kuncike ekutheni isikhathi esishiwo kuleso saziso sokuletha ukuphikisa angeke sibe ngaphansi kwezinsuku ezingu-30 sibalwa kusukela osukwini okubanjwe ngalo umhlangano wokuqala.

9.10.5 Ikomidi elilawulayo kumele liveze ubufakazi bokushicilelwa kwesaziso emaphephandabeni ngokuthi lilethe lonke ikhasi lephephandaba okubhalwe kulo isaziso kuMasipala zingakedluli izinsuku eziyisikhombisa (zingabalwa izimpelasonto namaholidi) kuvalwe isikhathi esivumelekile sokuhambisa izikhalo nokuphikisa.

9.10.6 Ngaphezu kobufakazi obushiwo ku-**9.10.5**, ikomidi elilawulayo kumele lilethe kuMasipala incwadi efungelwe eqinisekisa ukuthi liwulandele u-**9.10.3.1.2 – 9.10.3.1.6**. Osayinayo encwadini efungelwe kumele kube ngomunye wamalungu onolwazi futhi ongafakaza ngalolu lwazi.

9.10.7 Umhlangano wokuqala womphakathi kumele ubanjwe phakathi kwwzinsuku eziyisishumi kuya kwezingamashumi amathathu (zingabalwa izimpelasonto namaholidi) kukhishwe isaziso. Indawo yomhlangano kumele ibe ngaphakathi kwemingcele yeSRA ehlongozwayo, ngaphandle uma iCFO, ngezizathu ezizwakalayo, igunyaza enye indawo ngencwadi ngaphambi kokubanjwa komhlangano okukhulunywe ngawo ku-**9.11.3.1.1**.

9.10.8 Abantu abanentshisekelo kumele emhlanganweni wokuqala womphakathi -

9.10.8.1 banikezwe ulwazi abaludingayo mayelana neSRA ehlongozwayo kubandakanya nepulani yebhizinisi;

9.10.8.2 banikezwe ithuba lokubuza imibuzo baveze nemibono yabo futhi benze nezethulo;

9.10.8.3 batshelwe ngenqubo ezolandelwa uma befuna ukufaka izikhalazo ukuze zicutshungulwe uMkhandlu uma usudingida isicelo esishiwo ku **9.12**.

9.10.9 Umhlangano wokuqala womphakathi kumele wethanyelwe yizithunywa zikaMasipala futhi usihlalo wawo kumele kube ngumuntu ofanelekile futhi onesipiliyoni.

9.10.10 Amaminithi omhlangano wokuqala womphakathi kumele agcinwe futhi ikhophi yawo ihanjiswe kuCFO zingakedluli izinsuku ezingu 14 (engabalwa amaholidi nezimpelasonto) kubanjwe umhlangano wokuqala womphakathi. Lawo maminithe kumele atholakale uma umphakathi ufuna ukuwabona, ngesicelo ekhelini okukhulunywe ngalo ku-**9.10.4.7**.

## **9.11 Ukuthola ukwesekwa kweSRA**



9.11.1 Ukwesekwa kokusungulwa kweSRA kugatholakala kuphela ngemuva komhlangano wokuqala womphakathi, futhi ngemvume enqunyiwe ekhishwe yiCFO.

9.11.2 Ukuze kusungilwe iSRA ehlongozwayo, kumele kube nabanikazi bezakhiwo abanele kuleyo SRA abasayina imvume eshoyo ukuthi-

9.11.2.1 uma kulowo mhlaba okuhlongozwa ukuba ube yiSRA izakhiwo eziningi kuwna zingamabhizinisi noma zingezohwebo, okungenani u-51% walabo banikazi ayakweseka ukusungulwa kweSRA. Umnikazi ngamunye uyokuba nevoti elilodwa kungakhathaleki ukuthi ungumnikazi wezakhiwo ezingaki. Abanikazi bemizi noma izakhiwo zokuhlala ngeke bakhokhiswe ama-rate engeziwe.

9.11.2.2 uma kuyiSRA engafani nale okukhulunywa ngayo ku-**9.11.2.1**, okungenani u-66% wabanikazi bezakhiwo nabayisibalo esingu-51% senani lezakhiwo ezikhokha ama-rate kwiSRA, bayaseseka isiphakamiso sokuba kusungulwe iSRA. Isakhiwo esisodwa esibhalisiwe siyoba nevoti elilodwa kungakhathaleki ukuthi sinabantu abangaki abangabanikazi.

9.11.3 Wonke amafomu okweseka kumele agcwaliswe futhi ahambisane nohlu lwezakhiwo njengoba kushiwo ku-**9.9.4.2** ukuze kubonakale ukuthi ayiqiniso.

9.11.4 Umnikazi wesakhiwo ofuna ukuphikisana nokusungulwa kweSRA nanoma iluphi olunye udaba lweSRA ehlongozwayo angenza lokho ngokusholokho kwifomu elinqunyiwe. Ophikisayo uyoba nelungelo lokuletha ukuphikisa kwakhe okusemthethweni ngokuhambisana no-**9.14** uma isicelo seSRA sesethulwa eMkhandlwini.

9.11.5 Ukuphawula nokuphikisa kuyocutshungulwa kuphela uma kulethwe kuMasipala ngaphambi kosuku lokuvala olubekwe esazisweni esishiwo ku-**9.10.4.7**.

9.11.6 Kumele kubizwe umhlangano wesibili womphakathi uma kuchitshiyelwa ipulani yebhizinisi, njengoba kungasho uCFO, ngemva komhlangano wokuqala womphakathi. Uma kuba njalo, okuhlinzekelwe ku-**9.10** kuyosebenza nezinguquko ezidingekayo emhlanganweni wesibili ukuze kugunyazwe iSRA.

9.11.7 Ikomidi elilawulayo lingaxoxisana nabanye abaphikisana nesicelo seSRA ngaphambi kokubamba umhlangano wokuqala womphakathi noma umhlangano wesibili womphakathi, njengoba kushiwo ku-9.10.1 no-9.11.6. Uma sekuboniswana, Ikomidi elilawulayo kumele linikeze abaphikisayo noMasipala amaninithi emihlangano eliyibambe nabo. Ophikisayo uyovunyelwa ukuba aphenidule kumaminithi zingakedluli izinsuku eziyishumi zokusebenza.

9.11.8 Umuntu okumele akhokhe ama-rate engeziwe angaqoka noma ngubani njengomuntu ozommela ozobamba iqhaza, akhulume, emhlanganweni wokuqala womphakathi njengoba kushiwo ku-9.10.1, noma anikeze noma agodle imvume ebhalwe phansi yalowo muntu ngokwenhloso yale nqubomgomo mayelana nesinqumo ngeSRA, kuncike ekutheni lowo muntu oyisithunywa kumele aqokwe ngenchwadi, enosuku futhi yasayinwa umuntu omqokayo efomini elinqunyiwe. Noma iyiphi ifomu yokuqokelwa ukumela omunye emhlanganweni wokuqala womphakathi kumele igcinwe yikomidi elilawulayo futhi ibe khona uma sekuzohlola uMasipala, uma kunesidingo. Lapho kuqokwe umuntu ozomela omunye ngenjongo yokuhambisa imibhalo ethile enqunywe ngokwale nqubomgomo mayelana nezinqumo ngeSRA, kumele kube khona incwadi eqoka lowo muntu noma ikhophi yayo eqinisekise ngumfungisi.

## **9.12 Isicelo ngokwesigaba 22 soMthetho**

9.12.1 Isicelo sokusungulwa kweSRA kumele sithunyelwe ngokuhambisana nale nqubomgomo.

9.12.2 Isicelo sokusungulwa kweSRA kumele –

9.12.2.1 sibhalwe phansi kwifomu eyenzelwe lokho;

9.12.2.2 sihambisane nepulani yebhizinisi;

9.12.2.3 sihambisane nokukhokhwa kwezimali ezinqunyiwe.

9.12.3 Ikomidi elilawulayo kumele likhiphe isaziso ngesicelo seSRA, njengoba kubekwe ku-9.13.1, kodwa futhi lingenza njalo uma iCFO isiqinisekise ngenchwadi ukuthi isicelo siyayanelisa yonke imibandela yale nqubomgomo.

9.12.4 IKomidi elilawulayo kumele liqale ngesaziso somphakathi ngendlela ebekwe ku-9.13.1, zingakapheli izinsuku ezingu-14 (engabalwa amaholidi nezimpelasonto) kutholakele isaziso okukhulunywe ngaso ku 9.12.3, noma ngaleso sikhathi eside kunalesi esingagunyazwa yiCFO ngencwadi.

9.12.5 Ikomidi elilawulayo kumele liveze lokhu okulandelayo kwi-website yalo ngokuka 9.9.11-

- i) incwadi yesicelo;
- ii) ipulani yebhizinisi;
- iii) umbiko wocwaningo ngemibono yokuphathwa kwedolobha;
- iv) izethulo ezitholakele emhlanganweni womphakathi;
- v) amaminithi emihlangano yomphakathi;
- vi) ile nqubomgomo;
- vii) uMthetho kaMasipala;
- viii) imibuzo evame ukubuzwa ngeSRA;
- ix) Izaziso; kanye
- x) nefomu lokuvuma/lokuphikisa isiphakamiso.

9.12.6 Isicelo seSRA kumele silethwe engakedluli umhla ka 31 Agasti wonyaka ngamunye wezimali owandulela ukuqala konyaka omusha wezimali ofakelwa isicelo. Lolo suku luzokwenzela ukuthi uMasipala alungiselele ama-rate engeziwe uma sekuhlelwa isabelomali salowo nyaka wezimali. I-CFO ingalwelula usuku luye kumhla ka 30 Septhembha uma kunesincomo esizwakalayo esitholwe uMasipala kanti ukuhlelwa kwesabelomali sikaMasipala angeke kuphazamiseke.

### **9.13 Ukukhangisa Isicelo**

9.13.1 Ikomidi elilawulayo kumele likhiphe isaziso ngesicelo elisenze kuMasipala sokusungulwa kweSRA ngokuthi –

9.13.1.1 kushicilelwe isaziso esibhalwe ngendlela enqunyiwe, kanye, ephephandabeni lansuku zonke okungenani elilodwa elifundwa kwiSRA ehlongozwayo

9.13.1.2 kufakwe izaziso emahhovisi kaMasipala, kwamanye amahhovisi kaMasipala, njengoba kunganquma iCFO nakwimitapo yolwazi kaMasipala, njengoba kunganquma iCFO ukuze umphakathi uzibone ngezikhathi zokusebenza;

9.13.1.3 kunikezwe umkhokhi wama-rate ngamunye isaziso okunguyena ozokhokha ama-rate engeziwe ngendlela ebekwe ku **9.18**;

9.13.1.4 kunikezwe iCFO ikhophi ukuze ayifake kwi-website kaMasipala.

9.13.2 Isaziso esishiwo ku-**9.13.1.1** kumele sishicilelwe ngolimi lwalelo phephandaba.

9.13.3 Zonke izaziso ezishiwo ku-**9.13.1** kumele zisho ukuthi izikhalazo mayelana nokunquma ngeSRA noma mayelana nokushiwo yipulani yebhizinisi zingafakwa kuMasipala lungakedluli usuku olubekwe esazisweni, okungamele kube yisikhathi esingaphansi kwezinsuku ezingamashumi amathathu (zingabalwa izimpelasonto namaholidi) kushicilelwe isaziso ngokuka-**9.13.1.1.**, futhi kumele kushiwo ukuthi ipulani yebhizinisi ikhona kwabafuna ukuyibona endaweni ebekwe yiCFO kwiSRA isikhathi esiyizinsuku ezingu 30.

9.13.4 Ikomidi kumele liveze ubufakazi bokushicilelwa emaphephandabeni ngokuletha ikhasi lephephandaba eliphelele kuMasipala ezinsukwini eziyisikhombisa (kungabalwa izimpelasonto namaholidi) kusukela osukwini lokuvalwa kwesikhathi sokulethwa kwemibono ephikisanayo nokuhlongozwayo.

## **9.14 Ukuphikisana nokusungulwa kweSRA**

9.14.1 Ukuphikisa isiphakamiso sokusungulwa kweSRA kumele kwenziwe kuMasipala ngemuva kosuku lokugcina olubekwe kwisaziso ngokuka **9.13.1.1**. Noma yikuphi ukuvuma isiphakamiso noma ukusiphikisa okulethwe sekwedlule isikhathi angeke kubhekwe.

9.14.2 Abaphikisayo ukusungulwa kweSRA kumele bakusho lokho ngokubhala phansi kuncike ekutheni lowo ofuna ukukusho ngomlomo, kumele asizwe abasebenzi bakaMasipala kwesinye sezikhungo zikaSizakala zikaMasipala. Igama

lokuqala, isibongo nesikhundla somsebenzi kaMasipala oqophe umuntu owenza izethulo ngomlomo kumele kuvele kuleyo ncwadi yokuphikisana nesiphakamiso.

9.14.3 Zonke izincwadi zokuphikisana nesiphakamiso kumele ziqukathe lokhu okulandelayo:

9.14.3.1 Igama nekheli lomgwaqo lomuntu ophikisayo;

9.14.3.2 Ikheli lapho angemukela khona izincwadi zokumphendula, okumele kubandakanye ifeksi nekheli le-email;

9.14.3.3 abantu abathintekayo esicelweni;

9.14.3.4 izizathu eziphelele zokuphikisa.

## **9.15 Okuqukethwe yipulani yebhizinisi**

9.15.1 Ipulani yebhizinisi kumele

9.15.1.1 ihambisane nencwadi yezincomo;

9.15.1.2 ifake imephu yendawo ewumbala ekhombisa imingcele yeSRA futhi ekhombisa imigwaqo ekwiSRA;

9.15.1.3 ikhombise i-IDP kaMasipala;

9.15.1.4 ibandakanye uhlelo oluhlongozwayo lwamasevisi okwengeza azotholakala olukhombisa nobungako bobungcono okufanele kulindelwe umphakathi.

9.15.1.5 ifake isabelomali sethemu ngolwazi lwamanani omhlaba, imikhakha osetshenziselwa yona nokwahlukana kwama-rate akhona ngaleso sikhathi;

9.15.1.6 ikhulume kuphela ngamasevisi engeziwe ezindaweni zomphakathi;

9.15.1.7 iveze ukuthi iSRA ehlongozwayo izowusiza kanjani umphakathi;

9.15.1.8 ikhulume ngezinsalelo ezibhekene nomphakathi kwezomnotho endaweni yeSRA.

## **9.16 Okuqukethwe umbiko oncoma iSRA**

9.16.1 Okuqukethwe umbiko oncoma iSRA kumele kubhalwe kwifomu elenzelwe lokhu futhi kuhambisane nalezi zithasiselo:

9.16.1.1 Uhlu lwezakhiwo ezikhokha ama-rate kwiSRA, imininingwane yokuxhumana nabanikazi bezakhiwo okukhulunywe nabo namanani esakhiwo ngasinye nemikhakha yazo, njengoba kuvela ohlwini lwamanani azo lukaMasipala nakunoma yiluphi olunye uhlu lwamanani ezakhiwo nomhlaba olwengenziwe;

9.16.1.2 Ubufakazi bokuvunywa kweSRA ehlongozwayo yiningi lomphakathi endaweni okuhlongozwa kuyo iSRA okuyilona elizokhokha ama-rate engeziwe;

9.16.1.3 Ubufakazi bezaziso zemihlangano yomphakathi okukhulunywe ngayo kule nqubomgomo;

9.16.1.4 Amaminithi emihlangano yomphakathi neminye imihlangano okukhulunywe ngayo kule nqubomgomo.

## **9.17 Isabelomali sethemu**

9.17.1 Isabelomali sethemu kumele sibhekelele okungenani lokhu okulandelayo:

9.17.1.1 isabelomali seminyaka eyisihlanu, esikhombisayo ukuthi izimali zizotholakala kanjani ngokuveza imithombo yengeniso eyethembekile okuzoqoqwa kuyona izimali ezisuselwa ezilinganisweni eziyiqiniso zama-rate engeziwe aqoqwa ngenyanga ukubhekana nokuthi uMasipala uzoba nelungelo lokugcina isikhwama sezimali zokubhekelela izinguquko okukhulunywe ngazo kwindimana **9.5.1.6**;

9.17.1.2 isabelomali esihlukanisayo izabelo zemisebenzi yokwenza ngcono endaweni ngokwemikhakha ehlukehukene yezakhiwo ezikhokha ama-rate;

9.17.1.3 silandele imigomo yokuphathwa kwezimali esemthethweni. ICFO ngokusebenzisa amandla ayo okwalusa, ingachitha noma ibuyisele emuva isabelomali esingahambisani naleyo migomo.

## **9.18 Ukuthunyelwa kwezincwadi**

9.18.1 Kuncike kwinqubo enqunyiwe yokuhambisa imibhalo noma yokuxhumana ebekwe kunoma yisiphi isaziso noma umbhalo okukhulunywa ngawo **kwindimana 9**, noma imuphi umbhalo odinga ukuba uhanjiswa kumuntu ngokwale nqubomgomo mayelana nokusungulwa kweSRA, ungahanjiswa:

9.18.1.1 ngokuthunyelwa kwencwadi ngeposi elirejistiwe, ekhelini elaziwayo lokugcina noma ekhelini lebhizinisi kwiRiphabhlikhi. Kumele kutholakale incwadi eqinisekisa ukuposwa kwaleyo ncwadi kulelo posi okuthunyelwe ngalo;

9.18.1.2 ngokuthunyelwa kwezincwadi eposini elibhaliswe njengeposi lokuthumela ama-akhawunti kaMasipala lalowo muntu uma likhona;

9.18.1.3 ngokuhambisa ngesandla kulowo muntu (okumele kube nobufakazi bokusayina uma ukuthi uyitholile);

9.18.1.4 ngokuyithumela ngekhompyutha ekhelini le-email lokugcina elaziwayo elisetshenziselwa ukuthumela izincwadi zama-akhawunti kaMasipala, uma likhona;

9.18.1.5 nge-SMS enombolweni yocingo yalowo muntu (kudingeka nobufakazi bokuthi ihambile noma bokuthi uyivulile);

9.18.2 Uma incwadi ihanjiswe ngokwesigaba **9.18.1**, ngokuyihambisa ngesandla ekhelini, usuku ehanjiswe ngalo kumele luthathwe njengosuku ekhishwe ngalo leyo ncwadi;

9.18.3 Uma ihanjiswe ngempumelelo nge-email incwadi, usuku ehanjiswe ngalo ngempumelelo kumele luthathwe njengosuku ekhishwe ngalo leyo ncwadi;

9.18.3 Uma incwadi ihanjiswe ngeposi elirejistiwe noma ngeposi eliqinisekisiwe kumele kuthathwe ngokuthi ikhishwe ngosuku ehanjiswe ngalo kulelo kheli elaziwayo lomgwaqo noma lebhizinisi kwiRiphabhlikhi futhi kumele kutholakale incwadi ewubufakazi bokuyiposa kulelo posi eposwe kulona.

## **9.19 Isinqumo soMkhandlu**

9.19.1 Uma kucutshungulwa isicelo ngokusungulwa kweSRA, uMkhandlu –

9.19.1.1 ungasamukela isicelo sokusungulwa kweSRA ubeke naleyo mibandela (okufaka nobude besikhathi) uMkhandlu ongabona ifanele ezoba wusizo emphakathini wakuleyo ndawo nakubanikazi bezakhiwo ezisendaweni ezokhokha ama-rate engeziwe;

9.19.1.2 ungasichitha isicelo, okuyothi uma kuba njalo iCFO, ezinsukwini ezingu 30 zokusebenza (engabalwa amaholidi nezimpelasonto), inikeze umfakisicelo izizathu zokuchithwa kwesicelo seSRA; noma

9.19.1.3 ungabuyisela isicelo emuva kumfakisicelo ukuze sichitshiyelwe ngendlela engayalelwa uMkhandlu.

9.19.2 Uma isicelo sichithwa wuMkhandlu noma sibuyiselwa emuva kumfakisicelo ngokuhambisana no-9.19.1.3, umfakisicelo, ezinyangeni eziyisithupha kuphume isinqumo soMkhandlu kodwa kuncike ku-9.12.6, angaphinde afake isicelo kabusha eMkhandlwini ukuze unqume ngeSRA, kuncike ekutheni leso sicelo sesichitshiyelwe kahle ukuze silungise izizathu ezenze sachithwa phambilini.

## **INGXENYE 2**

### **9.20 Imibandela yokuhlinzekela isikhathi senguquko**

9.20.1 Izivumelwano zezimali ezenziwa neNPC ngaphambi kosuku ukusebenza okuyoqala ngalo futhi ezisasebenza, zisoqhubeka nokusebenza zize ziphelelwe yisikhathi ngokuphela kwesivumelwano ngenxa yanoma yisiphi isizathu.

Kepha akukho lutho oluyothikameza ilungelo likaMasipala lokubuyekeza ukusebenza kweNPC minyaka yonke ngaphansi kwesivumelwano sezimali esikhona, ukulandela kwayo izibopho ngaphansi kwalesi sivumelwano nenqubomgomo noma imibandela yenqubomgomo yaphambilini ebisebenza ngesikhathi kwenziwa isivumelwano sezimali, kanjalo nokuba sesimweni esihle ngakwezezimali kweSRA, kungagcini lapho;

9.20.2 Ngesicelo esibhaliwe seNPC, i-CFO ingakuxolela ukungayithobeli kwaleyo NPC noma yimiphi imibandela emisha efakwe kule nqubomgomo ethinta ukwabiwa kwezimali yiNPC, ukubika, neminye imigomo mayelana nesivumelwano sezimali. I-NPC kuyodingeka ikulungise lokho kungathobeli kwayo imibandela efanele esikhathini esinqunyelwe yiCFO;

9.20.3 I-CFO ingasamukela isicelo esibhaliwe seNPC sokuchitshiyelwa kwepulani yebhizinisi yayo, ephasiswe uMkhandlu, uma ibona ukuthi lokho ngeke kuwalimaze amalungelo anoma yimuphi umnikazi wesakhiwo osendaweni yeSRA, kodwa-ke



iCFO ingadinga ukuba iNPC ishicilele isaziso sesicelo saleso sichibiyelo ngendlela evunywe yiCFO.

9.20.4 I-CFO ingacela ukuhlolwa okunzulu kwamabhuku eNPC uma kunesidingo.

9.20.5 Ingakapheli inyanga ngemuva komhlangano wayo wonyaka, i-NPC kudingeka ukuba inikeze iCFO amaminithi ahlangozwayo omhlangano wonyaka ukuqinisekisa ukuthi umthetho uyathotshelwa.

### **INGXENYE 3**

#### **9.21 Ukuba sesimweni esihle kweSRA kwezezimali**

9.21.1 Uma izinga lokuqoqwa kwezimali zama-rate engeziwe kwiSRA lehla liba ngaphansi kuka-95%, uMasipala angayihlakaza njengoba kushiwo **endimaneni 9.23.**

### **INGXENYE 4**

#### **9.22 Ukuchitshiyelwa kwemingcele**

9.22.1 Ukuchitshiyelwa kwemingcele ekhona yeSRA kumele kuthathwe njengokuqalwa okusha kweSRA ngokweSigaba 22 soMthetho ufundwa kanye nale Nqubomgomo.

9.22.2 Imingcele emisha yeSRA angeke yeqe ku-100% wemingcele evele ikhona ngobukhulu.

### **INGXENYE 5**

#### **9.23 Ukuhlakazwa kwendawo ekhokha ama-rate ayisipesheli**

9.23.1 I-SRA ingahlakazwa ngesinqumo soMkhandlu uma–

9.23.1.1 I-NPC yephule isivumelwano sezezimali futhi yehluleka ukulungisa lokho ngesikhathi esibekiwe esivumelwaneni sezezimali.

9.23.1.2 Uma, ngasohlangothini lweSRA lapho izakhiwo eziningi ziklanywe njengamabhizinisi noma izitolo, okungenani u-51% wabanikazi abakhokha ama-rate engeziwe, besayina ifomu elibekiwe beseka ukuhlakazwa kweSRA. Umnikazi wesakhiwo oyedwa uyofaka ivoti elilodwa kungakhathaleki isibalo sabanikazi besakhiwo; noma

9.23.1.3 uma, ngasohlangothini lweSRA ngale kwalokhu okushiwo ku-**9.23.1.2**, okungenani isibalo esingu-66% sabanikazibezakhiwo abakhokha ama-rate engeziwe, abalingana no-51% wenani lezakhiwo ezikhokha ama-rate kwiSRA, besayina ifomu elenzelwe lokho beseka ukuhlakazwa kweSRA. Umnikazi wesakhiwo ngasinye uyoba nevoti elilodwa noma ngabe bangaki abanye abanye angabanikazi kanye nabo.

9.23.1.4 Uma uMkhandlu, ngesincomo seCFO, unquma ukuthi iSRA ayisakwazi ukuzimela kwezezimali, njengoba kuhlangozwe kwindimana **9.25**.

9.23.1.5 Uma kunesizathu esifanele, ngemuva kokubonisana nomphakathi wendawo.

9.23.2 Ngaphandle uma uMkhandlu unquma ngenye indlela, usuku lokuhlakazwa kweSRA kuyoba usuku lokugcina lukaJuni onyakeni wezimali kuMasipala okuthathwa ngawo lesi sinqumo.

## **10. IZAKHIWO EZISETSHENZISELWA OKUNINGI**

10.2 Ukwenzela ukukhokhwa kwama-rate, ezakhiweni ezisetshenziselwa izinhloso eziningi kuyolandelwa iSigaba 9(1)(c) soMthetho futhi ama-rate alezo zakhiwo ayonqunywa –

10.1.1 ngokuhlukanisa inani lasezimakethe lalowo mhlaba noma laleso sakhiwo ngenhloso esisetshenziselwa yona; kanye

10.1.2 nangokusebenzisa ama-rate asebenza emikhakheni yezakhiwo ezibekwe esigabeni 5.6 ngenhla ngokwezilinganiso ezihlukile zamanani asemakethe.

## **11. IZAKHIWO EZISHIYWE DENGWANE, EZISETSHENZISWA / EZAKHIWE NGAPHANDLE KOKUGUNYAZWA/NGOKUNGEMTHETHO**

11.1 Uma isakhiwo/umhlaba ushiywe ngumnikazi, wakhiwe noma usetshenziswa ngokungemthetho futhi ngokuphambene nemithetho kaMasipala neyezwe, iLand Scheme Use nanoma imuphi umthetho ofanele, uMasipala angawuguqula umkhakha wawo ube ngosetshenziswa/ngowakhiwe ngokungagunyaziwe noma ngokungemthetho.

11.2 Uma umnikazi (umnikazi owenza icala) egamanela ngokungemthetho emhlabeni kaMasipala ongumakhelwane, uMasipala uyoguqula umkhakha womhlaba noma wesakhiwo salowo mnikazi awubize ama-rate omkhakha wesakhiwo esisetshenziswa/esakhiwe ngokungagunyaziwe noma ngokungemthetho kuze kube uyayeka ukwenza isenzo esingemthetho.

## **12. IZAKHIWO EZISEMAKHAYA**

12.1 Izakhiwo ezingazodwana, emhlabeni wokuhlala wasemakhaya okhonjwe nguMasipala zingaklanywa zibizwe ama-rate kwi-akhawunti yomnikazi ngamunye phezu kokuba ukudatshulwa kwawo kungabhalisiwe.

12.2 Izakhiwo ezingazodwana emhlabeni wasemakhaya obizwa ama-rate zingaklanywa zibizwe ama-rate kwi-akhawunti yomnikazi ngamunye phezu kokuba ukudatshulwa kwawo kungabhalisiwe.

12.3 Noma ama-akhawunti angehlukana, ngumnikazi womhlaba onomthwalo wokukhokha ama-rate.

### **13. IMIHLABA/IZAKHIWO EZINOBUNIKAZI NGOKUHLANGANYELA**

- 13.1 Izindawo ezisetshenziselwa okuthile kuphela futhi lokho kusetshenziswa kubhaliswe kuRegistrar of Deeds kumele ziklanywe inani kanye nalezo zakhiwo ezihambisana nazo;
- 13.2 Izindawo ezisetshenziswa ngabanikazi abathile kuphela ngokwemithetho yeBody Corporate ziyothahwa njengengxenye yendawo yawo wonke umuntu;
- 13.3 Izakhiwo ezingasetshenziselwa ukuhlala kumele zingazuzi ekuncishiselweni noma ekubuyiselweni ingxenye yemali ngokokuhlala;
- 13.4 UMasipala angaklama amanani angempela okunweba, abalwe ngokomkhakha womhlaba ngokwendimana **5.6(1)** nangesibalo samasenti athile erandini ngalinye anqunywe uMkhandlu emhlanganweni wawo wesabelomali sonyaka;
- 13.5 Uma amalungelo abhalisiwe omhlaba edayiswa, angafakwa ohlwini lokuklanywa kwamanani.
- 13.6 Lapho iShare Block Company njengokuchazwa kwayo eMthethweni iShare Blocks Control Act 1980 (uMthetho 59 ka-1980) ivule irejista yobunikazi ngokuhlanganyela emhlabeni noma ezakhiweni zokuhlala nasezakhiweni eziqondene neShare Block Scheme, ngabanikazi bemihlaba ngokuhlanganyela kuphela abafanele ukubuyiselwa ingxenye yemali ngaphansi kwendimana **7.2, 7.3 no-7.4**, inqobo nje uma behlangabezana nemibandela efanele ebekwa nguMasipala njalo izikhathi ngezikhathi.

### **14. INTUTHUKO YEZOMNOTHO**

- 14.1 Ukuze kukhuthazwe ukuthuthuka komnotho kuMasipala, ukuxegiselwa amarate okufanele akhokhwe kungase kuvunywe uma kufakwe isicelo maqondana nentuthuko ethile ehlongozwayo.

14.2 Isamba intuthuko ethile exegiselwa ngayo kanye nemibandela okufanele yaneliswe maqondana nalokho kuxegiselwa (ngaphandle kokuxegisa imibandela yendimana 14.3) kuyonqunywa uMkhandlu ngesikhathi uphasisa isabelomali sikaMasipala sonyaka.

14.3 Isaphulelo sokukhuthaza intuthuko sakhelwe phezu kwenqubomgomo yokukhuthaza ukuthuthukiswa komnotho eyaphasiswa nguMkhandlu. (Umnyango wezokuthuthukiswa komnotho nokukhuthaza utshalomali yiwo osingethe le nqubomgomo yokukhuthaza ukuthuthukiswa komnotho).

Uma kuba nokushayisana phakathi kwale Nqubomgomo neyomnyango wokukhuthaza ukuthuthukiswa komnotho, kuyosebenza le Nqubomgomo.

14.4 Isicelo ngasinye sokuxegiselwa esiphelezelwa yimibhalo eyesekayo kumele sivunywe nguMkhandlu kanye nesivumelwano phakathi kukaMasipala nomnikazi womhlaba.

14.5 Mayelana notshalomali endaweni echazwe njenge-Greenfield, umhlaba ongakhiwe uyoxegiselwa ingxenye yemali emehlukweni erandini ngalinye lokusetshenziswa okuhlosiwe komhlaba othuthukisiwe ngesikhathi sokuphasiswa kwamapulani okwakha ngaphansi kwale mibandela elandelayo:

- (a) Ukuxegiselwa kumele kube ngokomkhakha we-rate erandini lomkhakha waleso sakhiwo njengokulawula kwepulani yokwakha yaleyo ntuthuko;
- (b) Ukuxegiselwa kumele kube ngokwesikhathi esichaziwe;
- (c) Umthuthukisi unesibopho sokuqeda ukwakha esikhathini esinqunyiwe
- (d) Ukuxegiselwa kufanele kuhlale kufana kuze kube isikhathi lapho uMasipala esekhiphe khona isitifiketi sokungena esakhiweni ngokwe**Sigaba 14** soMthetho iNational Building Regulations and Building Standards Act, 1977 (Umthetho 103 ka-1977) njengokuchitshiyelwa kwawo noma ekupheleni kwesivumelwano phakathi kukaMasipala nomthuthukisi, kuye ngokwenyuka kokwehla kwamandla emali ngonyaka.
- (e) Yize kunalo mbandela oku(d) ngenhla, entuthukweni efinyelela ku-R1b kweve lapho:
  - i) kwakhiwa ingxenyanana engabhaliseka khona sekukhishwe nesitifiketi sokuphuthula noma

- ii) iDeeds Registry isikhiphe iCertificate of Registered Title mayelana nengxenyana

leyo ngxenyana ingakhishwa ingafakwa engxenyeni yemali ebuyayo amarate iwakhokhe njengokusho koMthetho.

14.6 Mayelana nentuthuko ezindaweni ezichazwe njenge-Brownfield ukubuyiselwa ingxenye yemali okuvunywe nguMkhandlu kungavunywa maqondana nesicelo ngasinye ezindaweni uMasipala azibeke eqhulwini ngaphansi kwale mibandela elandelayo-:

- a) kumele kube nohlelo lokwakha oluvunyiwe;
- b) Intuthuko kumele kube ngeyesikhathi esinqunyiwe
- c) Umthuthukisi kumele abe nesibopho esingevuselelwe sokuqeda esikhathini esinqunyiwe.
- d) Ukubuyiselwa ingxenye yemali kufanele kuhlale kufana kuze kube isikhathi lapho uMasipala esekhiphe khona isitifiketi sokungena esakhiweni ngokwe**Sigaba 14** soMthetho iNational Building Regulations and Building Standards Act, 1977 (Umthetho 103 ka-1977) njengokuchitshiyelwa kwawo noma ekupheleni kwesivumelwano phakathi kukaMasipala nomthuthukisi.
- e) Yize kunalo mbandela oku(d) ngenhla, entuthukweni efinyelela ku-R1b kweve lapho:
  - i) kwakhiwa ingxenyana engabhaliseka khona sekukhishwe nesitifiketi sokungena esakhiweni noma
  - ii) iDeeds Registry isikhiphe iCertificate of Registered Title mayelana nengxenyana  
leyo ngxenyana ingakhishwa ingafakwa engxenyeni yemali ebuyayo amarate iwakhokhe njengokusho koMthetho.

14.7 Ukuxegiselwa ngenhloso yokukhuthaza intuthuko -

14.7.2 kudinga kufakwe isicelo;

14.7.2 ngokwesikhathi esinqunyiwe;

14.7.3 kubukwa isicelo ngasinye;

14.7.4 kuya ngesinqumo esithathwa uMkhandlu ngesikhathi uphasisa isabelomali sikaMasipala sonyaka:

14.7.5 kuncika kwisabelomali sikaMasipala salowo nyaka wezimali;

14.7.6 kuncika ekwenziweni kwesivumelwano phakathi kukaMasipala nomnikazi wesakhiwo;

14.7.7 kusebenza maqondana nomkhakha we-rate erandini ngalinye elibizwa uMasipala kuleso siza esithuthukiswayo ngalow nyaka wezimali. Akukho kuxegiselwa okuyonikezwa mayelana nesikhathi esesedlule; futhi

14.7.8 Ekugcineni konke kuncike emibandeleni yale nqubomgomo noMthetho.

14.8 Lapho intuthuko isiphothuliwe isakhiwo sase siqala ukusetshenziswa kodwa ubunikazi baso bungakadluliselwa kumnikazi, isibopho sokukhokha izintela kanye nanoma yiziphi ezinye izikweleti zikaMasipala ezidalekayo ngenxa yalokho kusetshenziswa ngesomthuthukisi.

14.9 Uma umthuthukisi ethola ukuxegiselwa ngenhloso yokukhuthaza intuthuko ngephutha, uMasipala unelungelo lokukuhoxisa lokho kuxegiselwa ngendlela ayibona ifanele.

14.10 Isivumelwano esishiwo ku-14.3 ngenhla singanikezwa umthuthukisi olandelayo ngemvume kaMasipala ebhaliwe.

## **15. UKUFAKA OKUNINGI OHLWINI LOKUKLANYWA KWAMANANI**

15.1 Uma kufakwe isicelo, izivumelwano zokuqasha isikhathi eside emhlabeni ongokahulumeni noma wohlaka lukahulumeni ezingabhalisiwe zingaklanywa ngokubona komklami manani ezakhiwo kuMasipala zikhokhiswe ngokomngcele wesivumelwano sokuqashiselana, izindleko zithwalwe ngofake isicelo.

15.2 Yize noma kwenziwa lokhu kuklanywa kwenani, ama-rate kulowo mhlaba ayisibopho somnikazi womhlaba.

## **16. UKUKHOKHWA NOKUQOQWA KWAMA-RATE**

16.1 Ukukhokhwa nokuqoqwa kwama-rate kumele kulawulwe yinqubomgomo kaMasipala yokulawula izikweletu nokuqoqwa kwazo.

16.2 Ukufakwa kwesicelo sokuphikisa noma sokwedlulisela udaba phambili akukuhlehlisi ukukhokha kwama-rate ngosuku lokukhokhwa kwawo.

## **17. UKUHLEHLISWA KOKUKHOKHWA KWAMA-RATE**

### **Abantu abangasebenzi**

17.1 Uma kufakwe isicelo uMasipala angakuhlehlisa ukukhokhwa kwama-rate ngokwesigaba 26(3) soMthetho, maqondana nemizi kuphela, ngaphansi kwale mibandela eyisipesheli elandelayo. Ukufaneleka ukuhlehliselwa ukukhokha ama-rate, ofaka isicelo kufanele:

17.1.1 abe umuntu ongasebenzi okwesikhashana esingeqile ezinyangeni ezintathu ngesikhathi sokufakwa kwesicelo;

17.1.2 isicelo sakhe asifakazele ngencwadi yoMnyango Wezabasebenzi iqinisekisa ukungasebenzi kwakhe;

17.1.3 aveze ikhadi lokungasebenzi (Ie-Unemployment Insurance Fund (UIF)) uma kade erejistiwe;

17.1.4 aveze imvume ekhishwe umnyango wakwa-Business Support kuMasipala (uphiko lwakwa-Informal Trade) uma kade esebenza eziphilisa ngokudayisa;

17.1.5 aveze incwadi efungelwe eqinisekisa ukungasebenzi kwakhe;

17.1.6 alethe nanoma iyiphi enye incwadi engafunwa yi-CFO ngezikhathi ezahlukene;

17.1.7 ahlale ngokugcwele kuleso sakhiwo;futhi

17.1.8 abe ngumnikazi lowo muzi obhaliswe egameni lakhe.

17.2 Isicelo kumele sibhalwe efomini eyenzelwe lokho.

17.3 Isikhathi sokuhlehlisa siyoqhubeka izinyanga eziyi-6 kusukela ngosuku lokuvunywa kwesicelo kuye ngembinadela yendimana 17.5.

17.4 Ukuze sisetshenzwe isicelo, umfakisisicelo kufanele angamkweleti lutho uMasipala ngosuku afaka ngalo isicelo.



17.5 Noma yikuphi ukuhlehliswa okuvunywe kulandelwa lokhu kuyonqamuka ngaleso sikhathi –

17.5.1 ekufeni komnikazi obhalisile; ngaphansi kombandela wokuthi uMkhandlu ungaqhubeka nalokhu kuhlehlisa, uma ugculiseka ukuthi lowo muzi utholwe njengefa nguphathina osaphila nokuthi usahlala kuwona;

17.5.2 uma udliwa nguhulumeni, udayiswa noma uchithwa nganoma iyiphi enye indlela;

17.5.3 uma umnikazi eyeka ukuhlala ngokugcwele kuleso sakhiwo;

17.5.4 umnikazi engawakhokhi ama-rate kumbe ingxenye yawo ngosuku olungujuqu lokukhokhwa kwawo, ngemuva kokuhlehliselwa;

17.5.5 uma ofake isicelo eqashwa noma ezihwebela yena; noma

17.5.6 ekupheleni kwesikhathi sokuhlehliselwa.

17.6 Ukuhlehliswa kokukhokhwa kwama-rate angeke kuvunywe kanye kanye nokuxegiselwa okuhlinzekelwe kule nqubomgomo.

### **Point Waterfront**

17.7 Kuqoshwa ukuthi imihlaba ethize engadayisiwe engaphansi kukaSpecial Zone 91 okuyiPoint Water Front Development, ekhonjiswe kwimidwebo yokuhlela kaMasipala, ingahlehliselwa ama-rate kumthuthukisi nomnikazi obhalisiwe, iDurban Point Development Company Pty Ltd, lapho uMasipala enamasheya khona angu-50%.

Ngokwesinqumo soMkhandlu sangamhla zingama-28 Okthoba 2015 nangokweSigaba 26(3) seMPRA, uMkhandlu wavuma ukuhlehliswa kwama-rate ezakhiweni ezisabhaliswe egameni leDurban Point Development Company Pty Ltd isikhathi esisukela kuJulayi 1, 2014 kuya ku-30 Juni 2019 ngaphansi kombandela wokuthi uma kwedluliselwa noma imuphi umhlaba noma kubani ama-rate ayokhokhwa ngumnikazi omusha kanye nengxenye yahlehlisiwe emhlabeni othintekayo. Nanoma yimaphi ama-rate okudingeka akhokhwe ngesikhathi sokudayiselana emihlabeni esele ayohlala ehlehlisiwe kuze kuphele isikhathi

sokuhlehliswa ngo-Juni 30, 2019, usuku wonke la marate abelokhu enqwabelana okuyodingeka ukuba akhokhwe ngalo.

## **18. UKUKLANYWA KWAMA-RATE KOKUCHIBIYELA**

18.1 Ngezikhathi ezithile uMasipala uyoklama amanani ezakhiwo ezintsha futhi aklame kabusha nawalezo ebezivele zikhona bese kuthi lawo manani afakwe ohlwini lokuchibiyela lwamanani ezakhiwo kanti lawo ma-rate asohlwini lokuchibiyela kuyodingeka akhokhwe kanjengoba kusho iSigaba 78 soMthetho.

18.2 Uma kube nenguquko emkhakheni wesakhiwo esikhokha ama-rate njengoba kushiwo eSigabeni 78(1)(g) soMthetho, ama-rate kuleso sakhiwo kuyobe sekudingeka akhokhwe ngosuku inguquko emkhakheni eyenzeka ngalo noma ngosuku okwaphothulwa ngalo uhlu lokuchibiyela olukhombisa inguquko, lokho nje okwenzeka kuqala kuye ngemibandela yendimana **18.3 no-18.4**.

18.3 Uma kungenzeke ukukhomba usuku okuyilonalona lwenguquko emkhakheni wesakhiwo, u-CFO angalunquma lolu suku ebheka lokhu okulandelayo:

18.3.1 Usuku lokukhishwa kwesitifiketi nguMnyango wakwaDevelopment Planning and Environmental Management olukhomba ukushiywa dengwane, ukusetshenziswa okungagunyaziwe noma okungekho emthethweni kanjengoba kuchaza **indimana 11**;

18.3.2 usuku lokukhishwa kwesitifiketi ngabakwaReal Estate kulandela ukuhlolwa komhlaba noma isakhiwo;

18.3.3 noma imiphi imibhalo noma ukubhalelana okuqinisekisa usuku lokuguquka komkhakha;

18.3.4 noma yisiphi isaziso sokuyalela ukuba kuthotshelwe umthetho noma esinye esinjalo esikhishwe ngokomthetho, esikhombisa ukuguquka komkhakha;kanye

18.3.5 nanoma yini enye i-CFO eyibona ifanele.

18.4 Uma iCFO ithole ukuthi usuku lwenguquko emkhakheni okushiwo esigabeni 78 (1)(g) soMthetho lwandulela usuku lokudluliselwa komhlaba kumniniwo wamanje, usuku lwenguquko emkhakheni luyothathwa njengosuku lokwedluliselwa kulowo mnikazi ukwenzela isigaba 78(4)(e) soMthetho.

## **19. OKUNYE**

19.1 U-Chief Financial Officer (CFO) noma lowo amqokile angalalela izicelo zokubuyezwa kwezinqumo ezidluliselwe kuyena uma izicelo zokuxegiselwa noma zokungakhokhi zichithiwe bese u-CFO/lowo amqokile athathe isinqumo ngokwale nqubomgomo nakanjani okumele sihlonishwe.

19.2 UMasipala uklama amanani ezakhiwo ngokwemigomo elandelwa emazweni omhlaba anqunywa yi-International Valuation Standards Council nangokwemibandela yoMthetho.

19.3 Lapho kuklanywa amanani ezakhiwo eziningi ngesikhathi ezikhokha ama-rate ezikunoma yimuphi umkhakha, uMasipala ulandela umbhalo obizwa ngeStandard on Mass Appraisal of Real Property ohlanganiswa yi-International Association of Assessing Officers ohlale ubuyezwa izikhathi ngezikhathi. Uma nanoma iyiphi ingxenye yale mibhalo ishayisana noMthetho, kudingeka kulandelwe okushiwo uMthetho.

19.4 Ukuze kuhlonzwe ukusetshenziswa kwezakhiwo okwahlukahlukene, uMasipala unikeza amagama okusebenza endlalekile emaqoqweni okusetshenziswa kwezakhiwo okwehlukahlukene futhi anikeze neqoqo ngalinye lokusetshenziswa nekhodi. Lolu lwazi luyakhonjiswa ohlwini lokuklanywa kwamanani kanye nomkhakha wokuklanywa kwamanani. Ukubuyezwa kwamagama okusetshenziswa kuyaqhubeka kumanje nje kanti u-2019 uyoshaya sekuphuthuliwe.

## **20. UKUHLOLWA NOKUBUYEKEZWA KWALE NQUBOMGOMO**


Lokhu ngokubuyezwa kweshumi nanye kwenqubomgomo yokuqala yama-rate eyaphasiswa uMkhandlu ngo-2008 ngokuhambisana noMthetho.

Kubhekwa izindaba ezithinta ukulandeleka kwale nqubomgomo, izidingo zomthetho kanye nezibalo ekuhloleni nasekubuyekezeni le nqubomgomo. Le nqubomgomo ibuyekwezwa minyaka yonke njengokusho koMthetho.

**LE NQUBOMGOMO NAMAFOMU ASHIWO KUYONA KUYATHOLAKALA EMAHHOVISI KAMASIPALA OKUSIZWA KUWONA AMAKHASIMENDE, EZIKHUNGWENI ZIKASIZAKALA, ECITY HALL, ETHEKWINI KANYE NAKWI-WEBSITE KAMASIPALA WETHEKU KULELI KHELI: [www.durban.gov.za](http://www.durban.gov.za)**

# ISITHASISELO A

## IMINGCELE YOKUKLANYWA KWENTUTHUKO



## ISITHASISELO B

<b>Ikhodi yama-rate</b>	<b>Umkhakha wokubizwa kwama-rate</b>
1	Umhlaba/izakhiwo zokukuhlala
2	Umhlaba wolimo
3	Umhlaba ongakhiwe
4	Umhlaba wezimboni
5	Umhlaba noma izakhiwo zebhizinisi nohwebo
8	Umhlaba noma izakhiwo zengqalasizinda yomphakathi
9	Imingcele yokuklanywa kwentuthuko
22	Ukusetshenziswa/ukwakhiwa okungagunyaziwe noma ngokungemthetho/izakhiwo ezishiywe dengwane
1	Umhlaba wasemakhaya okhokha ama-rate
1	Umhlaba osetshenziselwa ukuhlala wasemakhaya
44	Umhlaba wemayini
105	Izakhiwo ezinobunikazi ngokuhlanganyela